

#MTBPS2025

2025 MEDIUM TERM BUDGET POLICY STATEMENT *(MTBPS)*

# IKHASI ELIQUKETHE AMAQINISO

ISIZULU

## IYINI I-MTBPS?

IsiTatimende Senqubomgomo Yesabelozimali Sesikhathi Esimaphakathi (i-MTBPS) sichaza uhlaka lwenqubomgomo yeSabelozimali eyethulwa njalo ngenyanga kaFebhuwari, sibuyekeza ukubekisela kwezomnotho koMgcinimafa Kazwelonke, silinganisela izinombolo zesabelozimali sesikhathi esimaphakathi, silungise isabelozimali seminyango kahulumeni kulo nyaka wezimali futhi senze izinguquko eziphuthumayo ngokusetshenziswa Kwezimali.

## KUNGANI I-MTBPS IBALULEKILE?

I-MTBPS idlala indima ebalulekile kuyo yonke inqubo yesabelozimali ngoba ibeka indlela yohlaka lwezimali (olusho uhlahlo lwesabelozimali esiphelele semali engenayo, izindleko kanye nokubolekwa konyaka othile) esabelweni sezimali sikazwelonke. Iphinde inikeze iPhalamende kanye nezwe lonke ulwazi olusha mayelana nokuthi uMnyango Wezezimali usibona kanjani isimo somnotho samanje. Isabelozimali siyithuluzi lezomnotho elibaluleke kakhulu kuhulumeni, njengoba sibonisa okubekwe eqhulwini kwenqubomgomo kwezenhlalo nezomnotho kwezwe ngokuhumusha izinhloso -ngqangi nezibopho zezombusazwe zibe yizindleko. UNgqongqoshe uGodongwana ulindeleke ukuthi ethule isimo somnotho waseNingizimu Afrika njengoba sihlaziywe futhi sabikezelwa nguMnyango Wezezimali Kazwelonke. Isimo somnotho siwukubikezelwa okulindelwe ukuthi umnotho uzokwenza kahle kanjani ngekota ezayo, ngonyaka noma esikhathini eside esizayo. Lokhu kuzobandakanya ukuqagela kokwehla kwamandla emali, ukukhula komkhiqizo, ukuntuleka kwemisebenzi kanye nokulingana kwezohwebo. Isimo somnotho sibucayi futhi sibhekwe kakhulu ngabatshalizimali, ama-ejensi okulinganisa, abakhokhintela kanye nezakhamuzi ngobubanzi.

## INGABE AMAHHOVISI ONGQONGQOSHE AZILUNGISA KANJANI IZABELOZIMALI ZAWO?

Iminyango kazwelonke neyezifundazwe kanye nezinhlaka ziqhuba izinqubo zazo zangaphakathi zokulungisa izethulo zezilinganiso zezindleko ngokuhambisana nezidingo ezichazwe kumhlahlandlela wesabelozimali futhi zisekelwe ezinhlelweni zazo zamasu nezinye izinhlelo. Izethulo





IKHASI ELIQUKETHE AMAQINISO

#MTBPS2025

zibe seziyenziwa ku-NDP, ku-MTSF kanye nasoHlakeni Lwezinhlosongqangi Zesabelozimali le-DPME. I-NT (i-PF, i-IGR, i-BO) ixoxisana nalezi zikhungo ezingxoxweni zamaqembu/ zezingxenye ezimbili omiphumela yazo iyimibono yoMgcini -mafa Kazwelonke, lapho izinkundla ezihlukahlukene ezigunyaziwe zicubungula iziphakamiso ze-MTEC.

## UHLELO LWEPHALAMENDE LE-MTBPS

Maqondana ne-MTBPS, imibiko ikhishwa yiPhalamende ngohlaka lwezimali lwe-MTEF kanye nawuphiko lwezimali ezingenayo (i-DOR), ngaphambi kokuba isigungu esiphezulu siphothule isabelozimali.

## KWENZEKANI NGEMUVA KOKWETHULWA KWE-MTBPS?

Ngemuva kokwethulwa kwe-MTBPS, amaKomidi ePhalamende (Ukwabiwa Kwezimali Nezezimali) aqhuba izingxoxo zomphakathi nabathintekayo abafanele. Izethulo zitholwa zivela kubabambiqhaza ngesikhathi sokulalelwa kwe-zimibono yomphakathi. Emuva kwalokho, amakomiti alungisa umbiko futhi awethule eSigungwini Sikazwelonke, esiphinde sicubungule izindleko neziphakamiso zemali engenayo. Ezinsukwini ezingamashumi amathathu ngemuva kokwethulwa kwe-MTBPS, amakomidi ezezimali eZindlu ezimbili afanele abike ngohlaka lwezimali oluhlongozwayo futhi amakomidi okwabiwa kwezabelo afanele abike ngokuhlukaniswa okuhlongozwayo kwezimali ezingenayo kanye nezabelo zezibonelelo ezifundazweni nakohulumeni basekhaya. UMthethosivivinywa Wokuchibiyela uKuhlu -kaniswa Kwezimali (i-DORA) ube usubhekwa.